basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

FEBRUWARI/MASHI 2011

GAUTENG

AMAMAKI: 120

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayi-17.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINE:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(60)
ISIQEPHU D:	Imibhalo	(20)

3. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.

4. Abahlolwayo mabafundisise YONKE imiyalelo ngokucophelela.

5. Akuphendulwe YONKE imibuzo ezigabeni A, B no-C kukhethwe incwadi eyodwa esigabeni D.

6. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

7. Akudwetshwe umugqa emva kwesiqephu ngasinye.

8. Hlela izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo embuzweni ngamunye.

9. Yeqa umugqa emva kwempendulo ngayinye.

10. Bhala ngobunono nangendlela ecacile.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Funda isiqephu esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UPHINDI OPHUMELELAYO

Iphupho likaPhindi lokuba nebhizinisi lakhe lamenza wabeka imali. Yathi ingafinyelela ku-R2 000, wavula ibhizinisi lokuthunga izikhumba. Leli khono (skill), uPhindi wayelifundiswe indoda yasePakistan ayeyisebenzela. Ngo-R1 500 uPhindi wazithengela umshini wokuthunga oyisekeni nezikhunjana ezimbalwa.

Esaqala ukuthunga,uPhindi wayethunga izingubo zemishado zomakoti (wedding gowns). Ngaphezu kwezingubo zomshado, uPhindi wayebuye athunge namajazi, amabhantshi, izingubo, iziketi kanye nokunye. Izingubo zomshado zifuna indawo ehlanzekile. Lokhu kwamenza wathatha isinqumo sokuyeka ukuzithunga. Wabhekana nokuthunga izimphahla zokugqoka ngoba isikhumba siyangcolisa. Izingubo zomshado uzithunga nje uma kwenzeka kuba khona othile okhethekileyo ocela amthungele. Uthi ngelanga uthunga amajazi amade amathathu.

UPhindi usebenzela egaraji. Waqala ukuthunga esasebenza. Ukuthuthuka kwebhizinisi lakhe lokuthunga kwamenza wathatha isinqumo sokwesula emsebenzini. Wayefuna ukuba nesikhathi esanele sokubhekana nebhizinisi lakhe. UPhindi wasebenza kanzima ukwanelisa abathengi bakhe.

UPhindi useze waqasha abantu ababili abamsizayo kanti ufisa ukugcina ebhalise inkampani yakhe ngokusemthethweni. Imali ayenzayo yanele ukuba akhokhele abamsizayo aphinde agcine nezidingo zakhe zempilo. UPhindi wenza isiqiniseko ukuthi izingubo azithungela abantu zingcono kunalezo azithungela zona yena. Inkinga abuye abhekane nayo eyokungakhokhelwa ngesikhathi yilabo abathungelayo. Sewaze wakhetha ukuphoqa amakhasimende akhe ukuthi akhokhe idiphozithi ngaphambi kokuba aqale umsebenzi. Ezinganeni zikaPhindi ezinhlanu, ayikho nayinye efisa ukwenza lo msebenzi wakhe. Zivele zithi ukusebenza ngesikhumba, isidala (old fashioned).

Okuhle ukuthi uPhindi akancintisani (compete) namuntu. Uthola ukwesekwa (support) kakhulu ngomakhelwane kanye nabangane bakhe. Laba bamsiza kakhulu nangokumtholela amakhasimende amasha. Isifiso sikaPhindi ukubona umsebenzi wakhe uthunyelwa nakwamanye amazwe ngesikhathi esizayo. Ekugcineni, uPhindi ufisa ukweluleka abafundi bebanga leshumi nambili ukuba bacabange nangalolu hlobo lomsebenzi awenzayo.

[Icashunwe ephephabhukwini i*Move* ka-Agasti 2007, yahunyushelwa esiZulwini]

1.1.1 Msebenzi muni owenziwa nguPhindi? (1)

1.1.2 Usebenzela kuphi uPhindi? (1)

1.1.3 Ngubani owafundisa uPhindi ikhono lokwenza lo msebenzi? (1)

1.1.4 Waliqala ngamalini uPhindi leli bhizinisi? (1)

1.1.5 Bangaki abantu abasiza uPhindi? (1)

1.1.6 Iyiphi inkinga uPhindi abhekana nayo kulo msebenzi wakhe? (1)

1.1.7 Bhala izinto EZINTATHU (3) ezithungwa nguPhindi ebhizinisini lakhe? (3)

1.1.8 Yini eyenza uPhindi ayeke ukuthunga izingubo zomshado? (2)

1.1.9 Yini isifiso sikaPhindi ngenkampani yakhe? (1)

1.1.10 Yisiphi iseluleko uPhindi athanda ukusinika abafundi bebanga leshumi nambili? (1)

1.1.11 Phendula uthi IQINISO noma AKULONA:

(a) Kunabantu abaningi ababangisa uPhindi emsebenzini wakhe. (1)

(b) UPhindi wazibekela imali yokuqala ibhizinisi. (1)

(c) UPhindi wathenga umshini omusha ukuze aqale ibhizinisi lakhe. (1)

(d) Izingane zikaPhindi zifisa ukwenza umsebenzi wakhe nazo ngelinye ilanga. (1)

(e) Omakhelwane bakaPhindi bayameseka emsebenzini wakhe. (1)

1.1.12 Khetha impendulo efanele kubakaki.

(a) Izingubo zomshado uPhindi uzithunga (zonke izinsuku, uma kukhona ocela amthungele, akasazithungi nhlobo). (1)

(b) UPhindi wenza isiqiniseko sokuthi (izingubo zakhe zinhle kunezabathengi bakhe/izingubo zakhe zifana nezabathengi bakhe/izingubo zabathengi ziba ngcono kunalezo azithungela yena). (1)

ISIFUNDO SOKUQONDISISA

1.2 Bukisisa isithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo.

1.2.1 Khetha isihloko esingafanela lesi sithombe esingenhla kulezi ezilandelayo:

A Izingane zesikole zijabulela ukuwina.
B Iqembu lebhola lijabulela ukuwina.
C Izingane zijabulela ukuba ndawonye. (1)

1.2.2 Ngabe abantu abavezwe kulesi sithombe babukeka beyini kulokhu okulandelayo: (abafundi/abasebenzi/abashayeli). (1)

1.2.3 Ichazani iminwe ekhomba phezulu kulesi sithombe? (1)

1.2.4 Yini le ephethwe yintombazana ephakathi nendawo ngaphambili? (1)

1.2.5 Nikeza izinhlanga (races) EZIMBILI ezitholakala kulesi sithombe. (2)

1.2.6 Ngabe lesi sithombe sikhombisani ngobudlelwane phakathi kwezinhlanga ezahlukene zaseNingizimu Afrika (race relations)? (2)

1.2.7 Abantu abakulesi sithombe babukeka bejabulile. Ucabanga ukuthi bajatshuliswe yini? (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fingqa le ndatshana ngamaphuzu (points) ayisikhombisa namagama aphakathi kwangama-40 kuya kwangama-50 ubhale izinkinga osaziwayo ababhekana nazo.

IMPILO YOSAZIWAYO

Osaziwayo (celebrities) baphila ngaphansi kwengcindezi (pressure) enkulu noma impilo yabo ibukeka iwubukhazikhazi. Impilo abayiphilayo akusiyona eyabo. Baphila impilo ngendlela umphakathi olindele ukuba baphile ngayo. Ziningi izinto ezibabangela ingcindezi.

Okokuqala, abesifazane abakwazi ukubonwa wumphakathi bengaziphophothile namakhanda abo engalungisiwe kahle. Konke lokhu kubiza imali eshisiwe/eningi.

Abakwazi ukudla noma yini. Iningi labo kumele ligade ukuthi alikhuluphali. Izintatheli zithanda ukubhala ngabo emaphepheni zithi usibanibani usephuphile akasakwazi nokuzinakekela. Osaziwayo abaningi bagcina sebesebenzisa izinto ezahlukene zokwehlisa isisindo (weight). Abanye baqasha abantu abazobavocavoca (personal trainers) ukuze bagcine imizimba yabo imihle.

Osaziwayo abakwazi ukuhamba ngokukhululeka emigwaqeni nasezitolo ezinkulu. Abantu bayabamisa bacele ukusayinelwa ama-othografu, abanye bacele ukuba babahage. Kwesinye isikhathi lokhu kuyamcasula osuke ehamba nosaziwayo ngoba uvele abone ukuthi isithandwa sakhe akusona esakhe yedwa. Kwesinye isikhathi lokho kubeka impilo kasaziwayo engozini. Yingakho iningi labo ligcina seliqasha abaqaphi (body guards) abazobavikela uma behamba emphakathini.

Baphinde babenenkinga yokuthola uthando lweqiniso. Abazi noma uma umuntu ethi uyamthanda usuke ethanda yena ngempela yini noma uthanda imali yakhe. Lokhu kwenza izinga lokwahlukaniswa kwemishado kubona libe phezulu kakhulu.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

3.1 Phinda ubhale le misho elandelayo bese ulungisa amagama angapelwanga kahle, ufake izimpawu zokubhala nosonhlamvukazi (capital letters) lapho kudingeka khona.

bonke abantu bakuleli babejabulele izivakashi ezivela kwamanye amazwe kwakukhona wena ntombi khehla mama ngisho nezingane ezincane imbala indebe yomhlaba ike yaba yindaba esematheni kuleli zwe wonke umuntu eningizimu afrika nasemhlabeni wonke jikelele ubekhuluma ngayo

(10)

3.2 Nikeza ubulili besilisa bamagama alandelayo:

3.2.1 Intombi (1)

3.2.2 Isalukazi (1)

3.3 Guqula amabizo aku 3.1.2 ngenhla abe sebuningini. (2)

3.4 Nciphisa ibizo isalukazi. (1)

3.5 Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo.

Izibulo lakwaKhumalo uSipho, ubelwa nothunjana wakwaSibeko. Abaziyo bathi nale nto ababeyibanga ayikho. Ababonile bathi balimazene, igazi beligcwele yonke indawo. Kuyethusa lokhu ngoba izingane zakwaKhumalo ziyizingane ezihloniphayo futhi zinogazi.

Khetha impendulo efanele kubakaki.

3.5.1 Umuntu othandekayo kuthiwa (unegazi/unogazi/unesihe) (1)

3.5.2 Uthunjana yingane (etholakale kungahleliwe/yokugcina kwabo/ ingane enganabazali). (1)

3.5.3 Izibulo (ingane yokuqala ekhaya/ingane ephakathi nendawo/ingane yokugcina). (1)

3.5.4 Bhala uhlobo lwesifenqo oluqukethwe yilo musho olandelayo. Khetha kulezi: (isifaniso/isenzasamuntu/ihaba).

Igazi beligcwele yonke indawo. (1)

[19]

UMBUZO 4

Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

Othisha abafundisa **ezikoleni** zamabanga aphezulu (high schools) babhekene nenkinga yokufundisa amantombazana **amancane** akhulelwe bebe bengakuqeqeshelwanga ukusiza umuntu obelethayo. **UHulumeni** kumele kube khona akwenzayo ukuqinisekisa ukuthi intombazane ekhulelwa isafunda isikole akwenzeki nangengozi ukuthi kugcine sekungumthwalo **wesikole** ukuyisiza uma sekufika isikhathi sokubeletha.
Okunye okuyinkinga yothisha ukuzithola sebebhekene nokulamula abafana abalwayo bebe bengakuqeqeshelwanga nalokho. Abafana abangena ezikoleni bephethe izikhali bayingozi kothisha ikakhulukazi abesifazane.

4.1 Yimaphi amagama abhalwe ngokugqamile enza lo msebenzi:

4.1.1 Elikhombisa ubumnini (1)

4.1.2 Elichazayo eliyisiphawulo (1)

4.1.3 Elikhomba indawo (1)

4.1.4 Eliyinhloko yomusho (1)

4.2 Guqula ibizo **izikhali** libe sebunyeni. (1)

4.3 Funda umusho olandelayo bese uwubhala kabusha ube senkathini enikeziwe:

Abafana baphatha izikhali eziyingozi.

4.3.1 Ezofika (2)

4.3.2 Eyadlula (2)
[9]

UMBUZO 5

Esikhundleni samabizo abhalwe ngokugqamile bhala isabizwana esifanele.

Abantu bayathanda ukukhononda uma **uHulumeni** engalethi **izidingo** emiphakathini abahlala kuyona. Bathi **ukuvota** kwabo akubasebenzeli. **[4]**

UMBUZO 6

6.1 Emishweni elandelayo guqula isenzo esibhalwe ngokugqamile sikhombe okulandelayo:

6.1.1 Imisebenzi yakhe emihle **ibona** yiwo wonke umuntu. (Ukwenziwa). (1)

6.1.2 Le ngane **ifunda** umama incwadi yesiNgisi. (Ukwenzela omunye okuthile). (1)

6.1.3 Lo mhlaba ungaba indawo engcono uma abantu **bengahlonipha** (Ukwenzana). (1)

6.2 Bhala imisho elandelayo uqale njengoba ukhonjisiwe.

6.2.1 "Ngifuna ukulithuthukisa leli bhizinisi lami." Kusho uThandi.

UThandi uthi ... (2)

6.2.2 "Ngizoboleka imali ebhange ukuze ngikhokhele izindleko zokulikhulisa." Kusho uFikile.

UFikile uthi ...

(2)

6.3 Bhala imizwa equkethwe yile misho elandelayo:

6.3.1 Hawu! Nasi isalukazana sami bo! (1)

6.3.2 Le ndojeyana yakwaMsibi esho ngekhandakazi ayive iyimbi. (1)

6.3.3 Usengaze asitsakele ngale motshwana yakhe. (1)

6.3.4 Halala! Kwakuhle kwethu! (1)
[11]

UMBUZO 7

Yakha imisho EMIBILI eveza imiqondo ehlukene ngegama ngalinye kulawa alandelayo.

7.1 Ilanga (2)

7.2 Inyanga (2)
[4]

UMBUZO 8

Hlanganisa imisho elandelayo ngamagama akubakaki (brackets).

8.1 USipho ufike ngemuva kwesikhathi. USipho uhamba kancane. (ngoba) (2)

8.2 Unomkhuhlane. Udlala emakhazeni. (kodwa) (2)

8.3 Ungibize. Umtholile. (uma) (2)
[6]

UMBUZO 9

Lungisa amagama akubakaki (brackets) ukuze le misho ifundeke kahle.

Ubaba (-ncane) uphe abafana (-de) amaswidi. **[2]**

UMBUZO 10

Humusha lesi siqeshana sibe isiNgisi.

Izinkundla zemidlalo zaseNingizimu Afrika zinhle kakhulu. Zazakhelwe ukulungiselela iNdebe yoMhlaba. Umhlaba wonke weza eNingizimu Afrika. Bekukhona amazwe angamashumi amathathu nambili. Kuwo wonke lawo mazwe linye vo elawina iNdebe yoMhlaba.

[5]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 60

ISIQEPHU D: IMIBHALO (LITERATURE)

- Kulesi siqephu umfundi uzophendula incwadi EYODWA.
- Kuleyo ncwadi umfundi uzophendula imibuzo emibili ezoba namamaki angama-20.
- Awuvunyelwe ukuxuba imibuzo ngezincwadi ezahlukene.

IZINDABA EZIMFISHANE

UMBUZO 11: *UMLABALABA* –OEHM Nxumalo

ISIKHALA SOKUFUNDELA UBUTHISHELA – OEHM Nxumalo

11.1 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

> Umfana wakhe umphathe kahle. Akasoli lutho kanti izwe selifile. Usuzwa kuthiwa ingane yakho seyenze lokhu. Uzwe kuthiwa ilande isixoshiwe esikoleni. Izolo nje ulale ezwa emsakazweni indoda ethile izama ukuthola kompetha bemfundo ebebenomsakazi ukuthi yenze njani uma uthisha omkhulu engavumi ukuyibona mayelana nokuxoshwa kwengane yayo esikoleni. Le ndoda ize yabuza ukuthi: "Wenziwa yini msakazi uthisha omkhulu ukuba angibophe ngabhande linye nengane yami? Mina kangiyivuni, mina ngicabanga ukuthi kufanele ngitshelwe ukuthi yenzeni, futhi sixoxe nothisha omkhulu sisezingeni lobuzali sobabili." ElikaMtshali-ke kuMaNyembe, umama kaMdenjana lithi: "Mina ngeke ngilokhu ngishayela imisakazo nginengane esichwense yaze yaxoshwa esikoleni. Ngingavele ngiphohloze into le ngesagila."

11.1.1 Bhala amagama abalingiswa ABATHATHU abavela kulesi siqeshana. (3)

11.1.2 Wayexoshelweni lo mfundi esikoleni? (2)

11.1.3 Ukwenzenjani ukubopha umuntu ngabhande linye nomunye umuntu? (2)

11.1.4 Ngabe lesi sinqumo esathathwa uthishomkhulu sasifanele yini? Sekela impendulo yakho. (2)

11.1.5 Khipha igama elisho ukwedelela esiqeshini. Khetha kulawa alandelayo (ukwesaba/ukuchwensa/ukweba). (1)
[10]

NOMA

***BUYEL'EKHAYA* – NS Ntuli**

11.2 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Aphume uBongani. Amehlo asecwebe izinyembezi. Azibone izindonga zethemba lakhe zibihlika, zitsheke zize zidilike. Khona ubevele azi ukuthi lesi sinyathelo asithathayo sizoshayisana nenkambiso yalapha ekhaya. Kodwa manje ngoba uthando alunamngcele? Yebo khona kuyiqiniso ukuthi ukhuliswe ngemfundiso yokuthi bona njengoba bengamakholwa nje abasadlelani nabantu abangakholwa, ayisaphathwa-ke eyokuganiselana. Naye ukhule eziqhenya kabi, engaxoxixoxi nje "namaqaba" lana angakubo. Ingqondo yakhe isithi ukuguquka ngenkathi eseseYunivesithi lena enhla nezwe. Yilapha eseqala khona ukubona ubuhle bemvunulo nemigido yakubo. Usezwa esebathanda impela nje abantu abazibhincelayo ngoba phela yibona abayenza igxile kuye le ndaba yokuthungatha amasiko akubo.

11.2.1 Yini lena emphethe kabi kangaka uBongani? (2)

11.2.2 Abantu bakwaNgema kwakungabantu abanjani? (2)

11.2.3 Chaza ukuthi kungani uBongani eseshintsha umqondo esethanda umuntu ongakholwa. (2)

11.2.4 Bhala igama nesibongo sale ntokazi uBongani ayeseyithanda kakhulu. (2)
[10]

11.2.5 Khetha impendulo efanele kubakaki (brackets) echaza ukuthi ukwenzenjani ukucweba izinyembezi. (ukwesula amehlo/ukugcwala izinyembezi emehlweni/ ukuphathwa amehlo). (2)
[10]

NOMA

***IMPIMPI* – NG Sibiya**

11.3 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Kukhale amakhwela. Kucace ukuthi indlu iyawenanel 'amazwi kamphathisihlalo. Ubekulindele lokhu uKhumbulani. "Lokhu njalo ngikubuziswa yikuthi sihleli nempimpi khona lapha endlini kodwa nithule nje." Kusuke omkhulu umsindo. Kube ngumzukuzuku umphathisihlalo ezama ukubathulisa: "Kahleni phela bakwethu. Kahleni ngamawala, kasilaleleni ukuthi umfowethu ukususelaphi ukuthi kunempimpi lapha." Kuthuleke futhi. Bonke bagqolozele uKhumbulani. Kakungabazeki ukuthi lokhu akushoyo kuyalifudumalisa igazi.

11.3.1 Ubani owayengumphathisihlalo kulo mhlangano? (1)

11.3.2 Bhala igama nesibongo salowo owayesolwa njengempimpi kulo mhlangano. (2)

11.3.3 Yini impimpi? (2)

11.3.4 Ngabe uyavuma noma uyaphika ukuthi isihloko sale ndaba siyahambisana nendaba yonke? Sekela impendulo yakho. (3)

11.3.5 Khetha impendulo efanele echaza ukuthi ukwenzenjani ukugqolozela. Khetha kulawa alandelayo (ukubuka kude/ukubuka umuntu ngqo emehlweni isikhathi eside/ukubuka isikhathi esifushane). (2)
[10]

NOMA

***IZINYEMBEZI* – NG Sibiya**

11.4 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Esule izinyembezi. Angiqgolozele:''Ngubani lona ongibiza ngaye Ndumiso? Ungenzelani kodwa isilima? Kawusangifuni yini Ndumiso? Pho kawuvele ngani ungitshele ukuthi seluphelile ngoba sekukhona othandana naye, ongcono?'' Ngizame ukumbangcaza. ''Kakukho muntu omunye esengithandana naye Nomkhosi ngiqinisile.'' ''Pho ngubani lo Thembi ongibiza ngaye?'' ''UThembisile ngumngani wami omkhulu.''

11.4.1 Ngabe isuswa yini ingxabano phakathi kwalaba balingiswa ababili? Nikeza amaphuzu AMABILI. (4)

11.4.2 Ubani umlingiswa oqavile kule ndaba? Yini inkinga yakhe? (2)

11.4.3 Isihloko sale ndaba siyahambisana yini nendaba? Sekela impendulo yakho? (2)

11.4.4 Bhala isifundo esitholakala kule ndaba. (2)
[10]

NOMA

11.5 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

''Ngizwe kahle mntanami. Kangiqondile ukulokhu ngikuthunuka amanxeba. Ngiyazi ukuthi kakulungile ukuthi ngilokhu ngikhuluma kanje uma izinto sezinjena. Into nje ngenziwa ubuhlungu. Kubuhlungu mntanami lokhu engikuzwayo. Kubuhlungu ...'' Likhale futhi ikhehla. Lisukume. Licoshe ubhoko. Lidondolozele lize liyophuma ngomnyango. Lime phakathi nephaseji. Ligqolozele phansi isikhathi eside. Ngesikade liphenduke, libuyele esihlalweni ebelihleli kuso.

11.5.1 Khetha isihloko sendaba engenhla kulezi: (Buyel'ekhaya/ Unembeza/Impimpi). (2)

11.5.2 UDaluxolo wabulawa (yingozi yemoto/umngane wakhe/yishende lomkakhe). (2)

11.5.3 UDaluxolo wayezalwa (uBiyela/uZondo/uGumede). (1)

11.5.4 Umbhali wale ndatshana ngu (NG Sibiya/NS Ntuli/OEHM Nxumalo). (1)

11.5.5 Umyeni kaMaMdunge wadutshulelwa (endlini yabo yokudlela/endizeni/ekamelweni labo lokulala). (2)

11.5.6 Ukwenzenjani ukuthunuka amanxeba? (2)
[10]

NOMA

UMBUZO 12: *INKOSI YINKOSI NGABANTU* – CT Msimang

UBUCIKO BOMLOMO

12.1 Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ubuciko bomlomo inkulumo enobuchwepheshe noma eyingxoxo edluliselwa ezizukulwaneni ngezizukulwane ngomlomo. Abadala baye bathi bezwa ngabadala ababengaphambi kwabo kuhlehle njalo ngalolo khondolo. Inkulumo eyingxoxo imvamisa kuba yizinganekwane ngezinhlobo zazo ezahlukene. Inkulumo engubuchwepheshe yona ibandakanya le mikhakha: iziphicaphicwano, izisho, izaga, imilolozelo, izilandelo, izinganeko, imizekeliso nezinkondlo.

Qondanisa incazelo kuKholomu A nomaqondana kuKholomu B.

KHOLOMU A	KHOLOMU B
12.1.1 Inkosikazi esenyangeni.	A Ubuciko bomlomo
12.1.2 UMpeza negwababa.	B Inganeko
12.1.3 Inkulumo enobuchwepheshe noma eyingxoxo edluliselwa ezizukulwaneni ngomlomo.	C Umlolozelo D Isilandelo E Umzekeliso
12.1.4 Thula mntwana.	
12.1.5 Wobani labaya.	

(5 x 2) **[10]**

NOMA

12.2 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

INKOSIKAZI ESENYANGENI

Kwesukesukela inkosikazi. Le nkosikazi yabe ilikholwa elinguMkhrestu. Yabe inomntwana oyedwa osemncane. Nakho-ke sekwenzeka lusuku lumbe ithole ukuthi ayizithezanga izinkuni ngoMgqibelo. Pho manje ngoba yiSonto nje izokwenzenjani? Iwazi kahle umyalelo wesine othi: "Khumbula usuku lweSabatha ulugcine lube ngcwele. Ungasebenzi nakanye …" Ibone nje ukuthi izalelwe yinja endlini phela uma kunje. Iyakhala ngapha ingane ifuna idokwe layo. Isiqunge isibindi inkosikazi. Ithathe umntwana imuthi khwaxe emhlane.Ithathe isibopho iqonde ehlathini. Nempela ifike itheze. Kanti liyayibona iso laphezulu elingefihlelwe lutho. UNkulunkulu anqume ukuthi nakanjani kumele ayijezise le nkosikazi ngokwephula kwayo umthetho wesine emthethweni eyishumi. Nempela ayithathe nomnyaba wayo wezinkuni kanye nomntwana emhlane. Aye ayoyithi phahle ebusweni benyanga. Nempela ifike inamathele lapho. Ngisho nanamuhla lokhu, uma inyanga idilingene, uyayibona inkosikazi ibelethe umntanayo, ithwele inyanda yezinkuni ekhanda, isize yaba yithunzi ebusweni benyanga.
Cosu, Cosu!
Iyaphela-ke.

12.2.1 Yini inkinga yale nkosikazi okukhulunywa ngayo kule nganekwane engenhla? (2)

12.2.2 Ukuzalelwa yinja endlini ukuba: (sengozini/senkingeni/sehlazweni) Khetha impendulo efanele kubakaki. (2)

12.2.3 Uthini umyalelo wesine? (2)

12.2.4 Sijeziso sini esatholwa yile nkosikazi? (2)

12.2.5 Bhala isifundo osithole kule nganekwane. (2)
[10]

NOMA

12.3 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Kwakukhona impisi. Langa lithize le mpisi yaphuma iyozingela. Kodwa yaba neshwa ngalelo langa ngoba laze lashona ingabambanga lutho. Kuthe isibuya, ikhathele, yabona ithambo elidala lenyamazane. Yathi: "Awu! Angisale sengithatha lona leli thambo ukuze ngilale ngiqhobile." Nempela yalithi thasi ngamazinyo yahamba nalo.
Cosu, Cosu !
Iyaphela-ke.

12.3.1 Uyiqala abuye ayiphethe kanjani umxoxi wenganekwane? (2)

12.3.2 Sithini isihloko sale nganekwane futhi iwuhlobo luni lwenganekwane? (4)

12.3.3 Shono igama lo mlingiswa oqavile kule nganekwane nenkinga yakhe. (2)

12.3.4 Bhala imisebenzi EMIBILI yezinganekwane. (2)
[10]

NOMA

12.4 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

IMILOLOZELO

Lena inkondlo emfishanyana yokuthunduzela umntwana. Ivama ukuhaywa ngunina noma umzanyana nxa umntwana ekhala noma befuna ukuba alale. Okusemqoka kule nkondlo yisigqi. Iba nesigqi esimnandi esisamculo ukuze phela umntwana athunduzeleke asheshe alale. Umlolozelo uthi awufane nesilandelo kanti empeleni eziningi izilandelo kuthunduzelwa ngazo abantwana.

12.4.1 Uyini umlolozelo? (2)

12.4.2 Uvamise ukusetshenziswa ngobani umlolozelo? (2)

12.4.3 Bhala igama lomlolozelo ofunde ngawo kulo nyaka? (2)

12.4.4 Shono imisebenzi EMIBILI yomlolozelo. (4)
[10]

NOMA

12.5 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

WOBANI LABAYANA

Woban' labayana?
Womhlinzamfukwe,
Benzani laphayana?
Bamb' umgubane,
Bawunikwe ubani?
Bawunikwe uDlokweni,
Dlokweni, Dlokweni!
Kwaqhwakel' amakat' emsamo
Phezu kwendl' engaka,
Afunan' emsamo?
Afun' isankumpuza.
Azosinikw' uDlokweni.
Dlokweni, Dlokweni!

12.5.1 Kuthiwa yini loluhlobo lwenkondlo engenhla? (2)

12.5.2 Bhala imvumelwano siqalo nemvumelwano sigcino ekule nkondlo. (2)

12.5.3 Bhala impindwa etholakala kule nkondlo. (2)

12.5.4 Bhala ukuxhumana sigcino okweqayo okutholakala kule nkondlo. (2)

12.5.5 Bhala ifanankamisa elisemgqeni wesi-8. (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU D: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 120